NATIONAL SENIOR CERTIFICATE EXAMINATION
NOVEMBER 2024

# ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA: IPHEPHA II
# ISIZULU FIRST ADDITIONAL LANGUAGE: PAPER II

## MARKING GUIDELINES

Isikhathi: Amahora ama-2½ | Amamaki ayi-100

---

**These marking guidelines are prepared for use by examiners and sub-examiners, all of whom are required to attend a standardisation meeting to ensure that the guidelines are consistently interpreted and applied in the marking of candidates' scripts.**

**The IEB will not enter into any discussions or correspondence about any marking guidelines. It is acknowledged that there may be different views about some matters of emphasis or detail in the guidelines. It is also recognised that, without the benefit of attendance at a standardisation meeting, there may be different interpretations of the application of the marking guidelines.**

---

IEB Copyright © 2024

## ISIQEPHU A *IQONDE KUPHI LE NDLELA* – SIKHUMBUZO XABA

## UMBUZO 1

1.1 Khumbulani Kheswa.

1.2 Imalimbumbulu.

1.3 Usolwa ngokubili kwalokhu: ukweba izimoto, ukushushumbisa insangu, izidakamizwa ezehlukene, namadayimane. Usebenza nangezibhamu zokwebiwa. Pg 154

1.4 NguMartha Pg 130 & 134

1.5 Umfundi uzoveza uvo lwakhe, inqobo nje uma luhambisana nendaba. **Anganika okukodwa kwalokhu**: Ungumuntu osebenzisa abanye abantu ukwenza ubugebengu bakhe. Ungumuntu ozicabangela yena yedwa. Akaneliseki wenza lonke uhlobo lobugebengu. Usebenzisa izingane ukwenza ubugebengu. Nokunye okunembayo okuhambisana nendaba.

1.6 1.6.1 **kuMzwakhe:**

- Ukuxhumana kwalezi zithandani akusekuhle ngoba uZama usabela impilo yakhe.
- UMzwakhe wafikelwa umuzwa wentukuthelo uze asongele ukubulala umuntu oyomhlukanisa noZama. Pg 182
- Uvukwa udlame aze akhulume/aphimise izinto ezingamfaka ejele. (Njengokuvuma icala lokuthi nguyena owabulala uThemba, wakusho lokhu engaboni ukuthi kukhona olalele.) pg 166

Nokunye okunembayo.

**Emndenini wakhe/kaMzwakhe**

- uZama ubesondelene kakhulu noThandi. Ubudlelwano bukaRomeo noZama kwabenza baqhelelana lokho kwenza uThandi alahlekelwe usisi wakhe njengoba ayemthanda kakhulu futhi ebukela kuye. Pg 29–31
- UThandi wazithola esekhetha phakathi kukaMzwakhe noZama, lokhu kwamenza walahlekelwa ngumfowabo oyigazi lakhe.
- Umndeni kaMzwakhe walahlekelwa ngumuntu owondlayo ngoba uMzwakhe waboshwa ezama ukubulala uZama ngenxa yokuthi usethandana noRomeo.

Nokunye okunembayo.

1.6.2 Iseluleko somfundi. Lapha umfundi angaveza umbono wakhe ozimele oveza ukucabanga kwakhe.
(Umfundi uvumelekile ukusho okuhambisana nokusencwadini okwashiwo ngu-Ayanda ongumngane kaZama)

**(OKUHLE)**

- Ngangingameluleka ngokuthi akaqhubeke azithandanele noRomeo kodwa azivikele angabi nengane naye ngoba uzobambezeleka empilweni.

- Ngangingathi akaqhubeke ngoba uRomeo uphila impilo eqondile futhi ukhulile ngokomqondo ngeke enze into engamlimaza noma engamfaka enkingeni.

**(OKUBI)**

- Ngangingathi akaqaphele ahlale ebheke ngawo womabili ngoba akazi ukuthi yini eyenza uRomeo ahlale angabi nomuntu athandana naye njengoba esenqume ukuthandana noZama.
- Ngangingathi uZama akabuyeke lobu budlelwano ngoba ingane yakhe idinga ukukhuliswa ngabazali ababili abathandayo futhi kungenzeka uRomeo angayemukeli ingane kaZama lokhu kungenza uZama angajabuli.

Nokunye okunembayo.

1.6.3 **Iqiniso**

- Kungenzeka ukuthi uRomeo akakaze athandane nomunye umuntu ngoba ubefunda isikhathi esiningi njengoba engumfundisi waseNyuvesi.
- Kungenzeka ukuthi umthanda ngokweqiniso ngoba ebona uZama esebenza ngokuzimisela emsebenzini wakhe wesikole okungamenza abe ngofanelekile ukuphila naye ngoba naye usebenza kanzima.

Nokunye okunembayo.

**Amanga**

- Kungenzeka ukuthi ngamanga phela intombi ishelwa ngamanga.
- Kungenzeka ukuthi yinto ayejwayele ukuyenza ezinganeni ezizifikelayo eNyuvesi ngenxa yokuthi zisavaleke amehlo. Uzodlala ngaye bese emshiya phansi noma esenengane yesibili uZama.
- Kungenzeka ukuthi unamanga unengoduso ekhaya noma kwenye yamaNyuvesi, ufuna ukuchitha isizungu ngoZama njengoba ebukeka **engumuntu** othanda izinto eziza kalula empilweni.
- Amazwi kaRomeo akasilo iqiniso ngoba unomona/unesikhwele ngoZama njengoba uMzwakhe umenzela yonke into, okwenza ubudlelwano babo bubukeke bubuhle.

Nokunye okunembayo.

Ulimi nohlelo
Inani nokulibhala.

## UMBUZO 2

2.1 Ukuziphatha kwabantu besifazane abalandelayo. Umfundi uvumelekile ukusebenzisa izibonelo ezijwayelekile zempilo yangempela (*real life examples*).

(a) **uNomadayimane**

- Uthanda imali kakhulu. Uvuma ukuyokweba ubufakazi emzini wesigebengu esaziwayo ngenxa yemali ayithenjiswe nguMartha.
- Uvuma kalula ukushiya indawo ayijwayele ayoqala phansi impilo ngoba ebalekela izenzo zakhe. Kujwayelekile ukuthi abantu besifazane bazinikele ezintweni ezinzima bese beyabaleka.

Nokunye okunembayo.

(b) **u-Ayanda**

- Ungumngane ojwayelekile esikhathini sanamuhla okwazi ukufaka umngane wakhe ngekhanda ezintweni ezingalungile. Ugqugquzela uZama ukuba abe nobudlelwano bezothando nothisha wakhe, uze athi uRomeo uyinsizwa ziphelele. UZama uze azisholo yena ukuthi awuve ukhuluma mngani wami. Pg170–173
- Ungumngane ozikhulumelayo ocabangela imanje hhayi ikusasa nezolo. Pg 170

(c) **uPuseletso**

- Uyisigebengu kodwa akanakekile. Wafaka uKK ebugebengwini bokwenza imali yomgunyathi ngokumhlanganisa noAldolf. Pg 97–100
- Unobudlelwano obukude (*long distance relationship)* noKK, lokhu kujwayelekile kakhulu esikhathini samanje futhi akakhonondi ngalobu budlelwano. Pg 68
- Ungowesifazane ozimele ngoba unendawo yakhe.
- Uvumela uKK ukuba eze kuyena uma enezinkinga njengoba uKK waya kuyena ngenxa yokubalekela amaphoyisa. Pg 68–69

Nokunye okunembayo.

(d) **uNomonde**

- Akufunayo uyakuthola okuvamile ukwenziwa ngabantu besifazane abaphila esikhathini samanje. Uyenga uMzwakhe ukuze abe nobudlelwano naye. Ukumkhipha ukuze bahambe bayodla isidlo sakusihlwa, lokhu kumnika ithuba elihle lokwenza akufunayo kuMzwakhe. Pg 89–91
- Unesikhundla esiphezulu enkampanini asebenza kuyo lokhu siyakubona esikhathini samanje. Lokhu kumnika amandla phezu kwabantu bonke abangaphansi kwakhe ngisho nabesilisa imbala njengoba wasebenzisa umqondo ngokuncoma ukusebenza kanzima kukaMzwakhe ukuze avume ukuhamba naye bazikhiphe bobabili.
- Simbona engenamahloni okulandela uMzwakhe yize engamazi nokuthi uphila impilo enjani uma esesekhaya, kubo eKZN. Ulandela uMzwakhe aze akuthole kubo. Ugcina esehlangana noThandi aphinde abonane noZama, onengane noMzwakhe. Lokhu sikubona kakhulu esikhathini samanje lapho abesifazane

kuyibona abalandela kakhulu abantu besilisa ngenxa yokufuna ubudlelwano kwezothando. (Lokhu kujwayeleke kakhulu ezinkundleni zokuxhumana kanye nakosaziwayo.)

Nokunye okunembayo

(e) **uMartha**

- Ungumdayisi wotshwala ongenamvume yokudayisa futhi isikhathi esiningi unabantu besilisa futhi unamandla phezu kwabo ngoba uma bengayikhokhi imali yakhe noma bethenge ngesikweletu bayayikhokha ngoba bayamesaba kakhulu. Lokhu kuziphatha kujwayelekile esikhathini sanamuhla.
- Uyisigebengu esingungqondongqondo futhi esingeneliseki. Uthumela umuntu ukuba ayothwebula izithombe kwaKK ukuze agwazise uKK. Lokhu ukwenza konke ngomshoshaphansi aze aphumelele uKK nezisebenzi zakhe bengabonanga lutho.
- Unguphunyuka bemphethe njengaye uKK. UMartha akafanga/ akalimalanga ngesikhathi uKK eqhumisa umuzi wakhe ngebhomu. Lokhu sikubona kakhulu esikhathini samanje lapho abantu besifazane besebenzisa ulwazi abanalo ukubalekela ingozi nokuqaphela izimo.

Nokunye okunembayo.

2.2 **Ukusebenza kwamaphoyisa**

- Abantu abawathembi amaphoyisa yikho izenzo zobugebengu zingabikwa njalo. Pg 148
- Asebenzisana nezigebengu ukwenza ubugebengu obuhleliwe. Pg 149 namanye amakhasi
- Enza ubugebengu ukuze athole imali esheshayo: uMzwakhe unikeza iphoyisa (uMaziya) imali emngceleni ukuze adlule nemoto eyebiwe. Pg 4–5
- Awasebenzi kanzima ukuqeda ubugebengu noma ukuphenya amacala. Ancike ekusizweni ngoKlebe (Ama*Hawks*) ngoba ayavilapha njengoXulu noXimba. Pg 144 namanye amakhasi.
- Nokunye okuveza ukusebenza kwamaphoyisa esikhathini samanje. Umfundi ulindeleke ukuba awaseke ngokugcwele amaphuzu akhe noma aphendule ngokugculisayo.

Ulimi nohlelo
Inani lamagama nokulibhala.

IEB Copyright © 2024

**UMBUZO 3**

**Abangaxoxa ngakho:**

- **Okwenzeka ngaphambi kokuboshwa kukaMzwakhe.** (Lokhu kungaba yimbangela yokuhlukana kukaMzwakhe noZama nokwathukuthelisa uMzwakhe waze wayomhlasela lapho aficwa khona ngamaphoyisa, ambopha. Leso senzo sikaMzwakhe nokuficwa kwaZama ephethe isibhamu kwandisa amacala akhe).
  - UMzwakhe ubengenaso isikhathi esanele sikaZama futhi ubesehlale ematasa ngemisebenzi kaKK. Ubengasasichithi isikhathi esanele noZama.
  - UZama uthole ukuthi uMzwakhe ubenentombi eKapa, uNomonde okwenze bangabe besasondelana kakhulu.
  - UZama angaveza imizwa yakhe yokungamthembi uMzwakhe njengoba engakaze avakashele umndeni wakwaMbatha.
  - UThandi angaveza ukuthi uyamthanda uZama yikho aze wancamela ukuthi umfowabo aboshwe ngoba wayezombulala. (UThandi wayemthatha njengosisi wakhe omdala wayemkhonze kakhulu nangendlela ayegqoka ngayo.)

- **Isizathu sikaZama sokungaxhumani noThandi njengakuqala.**
  - UThandi angakhononda ngokunyamalala kukaZama emva kokuthola indawo yokuhlala eseduze neNyuvesi.
  - UZama angabeka izizathu ezinjengobuningi bomsebenzi waseNyuvesi nokungabi nesikhathi ngoba uma egodukile kumele anakekele ingane yakhe aphinde ayobheka nogogo wakhe.
  - UZama angaphinde abeke isizathu sokuthi unezinto eziningi okumele azenze ezihambisana nempilo esheshayo yaseNyuvesi.
  - Nokunye okuhambisana nempilo yaseNyuvesi.

- **Ubudlelwano obusha bukaZama noRomeo.**
  - UZama angachazela uThandi ukuthi usenesoka elisha elingumfundisi waseNyuvesi. Lokhu akakwenzanga ngoba engamthandi umntanakhe noThandi kepha wayesekhathele ukulinda uMzwakhe.
  - Angaveza imizwa yokweneliseka nokuthakasela uthando olusha.
  - UThandi angakhombisa ukungenami kwakhe ngoba ubefisa uMzwakhe afunde isifundo kuphela njengoba ambophisa.
  - UZama angaveza ukuthi uRomeo usemthembise umshado.
  - UZama angasola u-Ayanda ngokumenza athandane noRomeo.

- **Ikusasa lengane kaZama noMzwakhe/nomndeni kaMzwakhe.**
  - UThandi angabuza uZama ukuthi uzokwenzenjani ngengane. Uzobavumela yini ukuba babe nobudlelwano nengane noma acele ingane ibavakashele.
  - UZama angaphendula ngokuthi uRomeo uzoyithanda ingane yakhe ngoba bazoshada.
  - UZama angaveza ukuthi uMzwakhe akayena umuntu othembekile ngenxa yokuthi ubenza ubugebengu wabulala noThemba. Ngakho-ke, ngeke akwazi ukumethemba nengane kepha akanankinga nokuthi uThandi abavakashele kubo kwaMaMpanza.

Kule ngxoxo umfundi angaveza **imizwa yokujabha** (uThandi) ngoba ebengakulindele ukuthi uZama angehlukana noMzwakhe.

IEB Copyright © 2024

Angaveza nemizwa yokujabula nokwesasa (*excited*) uZama ngenxa yothando olusha nokuthi usezozithandanela kahle noRomeo engenalo uvalo lokuhlangana noMzwakhe.

***Nokunye okungakhombisa ukuthi umfundi unolwazi olwanele lwendaba kanjalo nabalingiswa.***

**Ingqikithi**
- Okusendabeni
- Okwakho

**Isakhiwo**
- Isingeniso sengxoxo
- Ukweqa imigqa
- Imizwa
- Block format

**Ulimi nohlelo**
- Izivumelwano
- Isipelingi
- Ulimi olunothile

Inani lamagama nokulibhala

**UMBUZO 4**

**Isingeniso**
Ukubingelela nokubonga ithuba lokumenywa ngenxa yomlando wakho ongemuhle.

Umfundi wemukelekile ukuthi akhombise ubuciko bokuzethula yena uqobo lwakhe kanye nokwethula isihloko sakhe azokhuluma ngaso. Lapho kumele akhombise ukuzithoba njengoba ekhuluma nabantu abadala nabancane.

**Umzimba**
- Izizathu ezikwenze wakhethe ubugebengu.

  - Umfundi angaveza ukuthi ukungabi nakudla endlini nemali yokukhokhela izidingo zempilo kwamenza wakhetha ubugebengu.
  - Ukushona kukamama wakhe owayeyithemba lakhe okwamenza wazithola esebhekene nokuthi kube nguyena owondla umndeni wakhe njengoba ubaba wakhe wayecwile otshwaleni.
  - Umfundi angaveza ukuthi wayefuna ukufana nazo zonke izingane angabonakali njengomuntu ohluphekayo futhi ongenalutho ukuze amukeleke emphakathini nasesikoleni.
  - Akekho umuntu wesilisa osendaweni yangakubo ayengabukela kuyena ophumelele ngaphandle kwaKK lokhu kwenza kubelula ukuthi azifanise noKK. (Ubhuti Mandla wayengavamile ukuba sendaweni lokhu kwanika uKK ithuba lokumfundisa lonke uhlobo lobugebengu.
  - Ukugcina ubudlelwano bakhe noZama bubuhle.

  Nokunye okunembayo.

- Indima eyadlalwa ngabantu abadala abahlukahlukene empilweni yakho.

**Ubaba kaMzwakhe**
- Wayegxile kakhulu eziphuzweni ezidakayo/otshwaleni lokhu kwenza uMzwakhe athathe indawo kababa wakhe azame ukuba ngumondli (*provider*) ekhaya lakhe.
- Ubaba kaMzwakhe wayengakhombisi ukuzikhathalela izingane zakhe.

**UKK nobhuti Mandla**
- UKK waba khona empilweni kaMzwakhe wamfundisa ukuba nesibindi nokuthi iningi imali etholakala ngobugebengu lokhu kwenza uMzwakhe wangena wagxila ebugebengwini.
- UKK wayemethemba uMzwakhe ngezimoto zakhe nangomsebenzi onzima lokhu kwenza kwabanzima kuMzwakhe ukusuka kuKK.
- UKK wayemenza akholwe wukuthi akubuyiseli ukusebenza umsebenzi lapho ungena khona ekuseni uphume ntambama. Pg 84
- Ubhuti Mandla wayenezifiso ezinhle ngoMzwakhe. Waze wamtholela umsebenzi wesikhashana eKapa. Pg 76–77

**Ugogo kaZama**
- Wemukela uMzwakhe ngezandla ezifudumele lokhu kwamenza wangalibona iphutha lakhe lokuba nengane esafunda isikole. Ugogo kaZama wayeze abanike ithuba lokuba ndawonye yena aphumele phandle. Lokhu kwenza uMzwakhe azibone ukuthi uyindoda esikhulile. Pg 63–64
- Umthelela wezinqumo zikaMzwakhe kubantu ababalulekile kuyena.

**Ubugebengu**
- Ubugebengu babumnika injabulo yesikhashana lokhu okwakumenza afune ukwenza lo msebenzi kakhulu ukuze athole imali azojabulisa ngayo abanye abantu. Bonke laba ababeyizizathu zokwenza kwakhe ubugebengu ekuhambeni kwendlela bamudayisa. UZama wathandana noRomeo, uThandi wakhetha ukuyomceba emaphoyiseni, wakhetha ukuma noZama avikele yena kunokuvikela uMzwakhe.
- Ukuboshwa kukaMzwakhe kwenza uThandi alahlekelwe umfowabo obemnakekela.
- UMzwakhe wayeseyingozi kuThandi ngoba wayesenolwazi lokuthi wabulala uThemba.
- Waba nenhliziyo elikhuni ebona ukubulala kuyisona sisombululo ezinkingeni zakhe.

**Ukuba nengane esafunda**
- Lokhu kwamfakela ingcindezi enkulu yokuthi athole imali ukuze ondle ingane yakhe. Lokhu kwenza ukuthi aphoqeleke ukusebenza kanzima ngoba nguyena owayewondla umndeni wakhe.

Lapha umfundi anganika izimpendulo ngolwazi lwakhe analo ngezinqumo eziningi ezenziwa wuMzwakhe njengokubulala uThemba, ukwenza uZama athandane noThemba, ukuyohlasela uZama efulethini, njll.

- Ukukhuliswa kwabantwana neqhaza abazali abangalibamba ekuvikeleni izingane zabo ekwenzeni ubugebengu.

  - Ukungavumeli ingcindezi ikuhlukanise nabantwana bakho. Ubaba kaMzwakhe wayethembekile, ekholwa kusekhona umama kaMzwakhe.

Wakhetha ukungena ophuzweni oludakayo wangawunakekela umndeni wakhe. Lokhu kwamlahlekisela ngenhlonipho kubantwana bakhe. Abazali kumele baqaphele ukuthi bakhona ngaso sonke isikhathi empilweni yengane yabo ukuze ingazifaki engozini ibhekile.

- Kubalulekie ukuthi abazali babazi bonke abantu abaxhumene nezingane zabo ngoba ukube ubaba kaMzwakhe wayezinika isikhathi sokubheka izindlela zikaMzwakhe nabantu axhumana nabo njalo wayengamvikela ebugebengwini.
- Ukuba yisibonelo esihle enganeni yakho kuyayisiza ukuba nayo yenze kangcono.

- Uxwayisa abafundi ngokuzinikela ngenhliziyo yakho yonke ebudlelwaneni obungeko ezingeni lobuntwana.

**Ubungozi bokuba sothandweni uze uzinikele kakhulu**

- UMzwakhe angaveza ukuthi okuningi ayekwenza kwakungenxa kaZama yize wayemxwayisa uKK ngokwethemba kakhulu umuntu athandana naye.
- Ubudlelwano bakhe noZama babungekho msulwa lokhu kwakumenza azithole esefuna umjabulisa ngezinto eziphathekayo kanti usafunda isikole.

**Ukufuna imali esheshayo**

- Ukukholelwa kwakhe ekutheni afune imali angayisebenzelanga kanzima kwamenza wazifaka kuzo zonke izinto ezingaphezu kweminyaka yakhe njengokushushumbisa amadayimane, imali yomgunyathi kanye nezidakamizwa.
- Lokhu kwamenza wenza noma yini ewukuphula umthetho.

**Isiphetho**

- UMzwakhe makagqugquzele abazali nabafundi ngokuba nobudlelwano obuhle, obuvulelekile.
- UMzwakhe angaveza ukuthi konke okwakwenzeka empilweni yakhe yingoba wayengenabo ubudlelwano nobaba wakhe futhi wayezikhulisa yena. Pg 55
- UMzwakhe angaveza ukuthi yena wayemkhathalele ubaba wakhe ngoba ngisho engekho ekhaya uma efonile wayembuza uThandi ngobaba wabo kodwa ubaba wabo wehluleka ukuvuleleka kubantwana bakhe abakhombise ukuthi usabhekene nobunzima bokuzila (*grief*).

Nokunye okuhambisana nokunika izeluleko ezisuselwa kokwenzeke encwadini.

**Isakhiwo**

- Isihloko
- Izigaba

**Ulimi nohlelo**

- Izivumelwano
- Isipelingi
- Ulimi olunothile

Inani lamagama nokulibhala

## ISIQEPHU B UKUBHALA NOKWETHULA

## UMBUZO 5

Izimpendulo ezingalindelwa kubafundi.

5.1 **Umbiko ungafaka okulandelayo nokunye okunembayo:**

- Ubuhle obuhambisana nobuchwepheshe be-AI.
  - Kuba lula ukwenza ucwaningo ngoba lobu buchwepheshe buyakwazi ukuqoqa ulwazi kuwo wonke ama-*website* nemibhalo ekhona kwi-inthanethi lube endaweni eyodwa. Lokhu kwenza kube lula ukwenza umsebenzi ngesikhathi esifanele.
  - Abafundi abanezinkinga zengqondo nesimo sokungaphili kahle ngenxa yokukhathazeka nengcindezi, lobu buchwepheshe bungaba yimpendulo ezinkigeni zabo. Ngalobu buchwepheshe abazali nothisha bangakwazi ukuthola ulwazi ngengane yabo olugcinwa yi-AI. Lolu lwazi lunganika odokotela indlela elula yokusiza umuntu.
  - Bunikeza umfundi ithuba lokuzikhethela ngokushesha ngoba ulwazi luyinsada. (*has too many options*)
  - Kunezinkundla lapho umfundi engakwazi ukuthola ukufundiswa mahhala uma ehluleka khona emsebenzini wesikole.
  - i*Photo Math* iyasiza kakhulu ekulekeleleni abafundi ekutheni bakwazi ukusombulula izinkinga nasekunikeni abafundi ulwazi olwanele lokusebenza ngezinombolo. Lokhu kunika umfundi ithuba lokusabalala kwezobuchwepheshe akwazi ukuba sezingeni lomhlaba.
  - Ubuchwepheshe be-AI busetshenziswa yisikole sonke, maningi amathuba okuba isikole sithole ukuhlonishwa ngokuba yisikole esivelele, wonke umuntu uzosithanda leso sikole.

- Ubungozi nezinkinga ezihambisana nalolu hlobo lobuchwepheshe.
  - Abukwazi ukuba nocwaningo olusha oluqhubekayo, lokhu kungaba yingozi kubafundi uma kudingeka izindaba ezisematheni ezingezinto ezenzeka ngaleso sikhathi.
  - Kungagqugquzela abafundi ukuba babe ngamavila.
  - Izwi (*voice/opinion*) lomfundi ngeke lizwakale. Lokhu kungagcina kwenza abafundi bangakwazi ukuzicabangela ngokuzimela futhi bangabi nazwelo.
  - Kuzokwenza abantu bancike kakhulu ezisombululweni ezisheshayo okungalimaza ingqondo ngenxa yokungajwayeli ukusombulula izinkinga eziningi.
  - Lobu buchwepheshe benza ukusebenza kube lula kakhulu, okungajwayeza abafundi ukukopela nokungakwazi ukuziqambela izinto zabo.
  - Uma kungalawuliwe ukusebenza kwayo kungadala izinkinga kwezomoya nezengqondo.

**Isakhiwo**
- Isihloko
- Isingeniso
- Izindlela zokuqoqa ulwazi
- Okutholakele
- Ukuphetha
- Iziphakamiso

IEB Copyright © 2024

5.2 **Incwadi yobungane**

**Incwadi yakho mayifake okulandelayo nokunye:**

- Ukuzethula nenhloso yakho yokubhala incwadi.
  - Umfundi angasho igama nesibongo kanye negama aziwa ngalo esikoleni. Angazichaza kafishane ukuthi ungumfundi webanga 12 nokuthi uzomelekelela ekutheni azizwe amukelekile.
- Imithetho ebalulekile yesikole kanye nezindawo ezibalulekile.
  - Umfundi angabhala ngemithetho ebalulekile ehambisana nokugqokwa kwenyumfomu noma ehambisana nokugqoka okufanelekile okuhambisana nebanga lakhe.
  - Angabalula imithetho ehambisana nokuziphatha okulindelekile njengomfundi webanga 8.
- Imicimbi nemikhosi (*celebrations*) ebalulekile.
  - Umfundi angabhala ngemikhosi eyenza isikole sonke sihlangane njenge-*Founder's Day* noma umkhosi wemibala yothingo lwenkosazane. Umfundi akaphoqelekile ukubhala ngezinto eziliqiniso. Angabhala ngakuthandayo akubona kwezinye izikole.
- Ezemidlalo namakomidi abafundi.
  - Umfundi angabala izinhlobonhlobo zemidlalo engathandwa ngumfundi ambhalelayo.
  - Angabala nezamasiko ezingaba yintandokazi njenge-*Master Chef.*
- Ukubaluleka kokugcina isikhathi ngayo yonke indlela.
  - Angamxwayisa umfundi ngokubaluleka kwesikhathi sokufika nokuqala kwesikole.
  - Isikhathi sokwenza umsebenzi wesikole ngesikhathi ukuze angazitholi esenkingeni nothisha.
  - Angamxwayisa ngokuthi ukungagcini isikhathi kungamfakela igama elibi angakwazi ukuthenjwa.

**Isakhiwo**

- Ikheli lobhalile
- Usuku – inyanga ngesiZulu
- Igama lobhalelwayo
- Isibingelelo
- Isingeniso
- Umzimba
- Isiphetho
- Yimina u …
- Igama lobhalile

**Ulimi nohlelo**

- Uhlelo
- Isipelingi
- Izimpawu zokuloba
- Ithoni nerejista

Inani lamagama nokulibhala

**UMBUZO 6**

**Kule mibuzo emifishane umfundi kumele akhombise ubuhlakani bokuziqambela (*creativity*) kanjalo nokuzimela.**

6.1 **IMEYILI**

**Ingikithi:**

- Ungubani, ungumuntu onjani?
  - Umfundi akazichaze ubuyena kafishane.
- Yini enhle nekwenza wehluke kwabanye?
  - Lapha umfundi kufanele akwazi ukuhlunga ulwazi analo ngaye esebenzisa amagama anembayo ukuheha abahleli.
- Indlela yakho yokusebenza ngawedwana kanye neqembu.
  - Umfundi angabalula izindawana ezimbalwa lapho eke wabamba khona iqhaza nezinzuzo zakhe noma nempumelelo yeqembu ake walihola.
- Chaza kabanzi ngamanye ama-*challenges* oseke wabamba iqhaza kuwo.
  - Umfundi angabala imiqhudelwano noma imincintiswano ake wabamba kuyona iqhaza njenge*Midmar Mile* noma *iDuze Marathon* lapho ayesebenzisana nabanye.

Nokunye okunembayo.

**Isakhiwo**

- Ikheli lobhalelwayo
- Isihloko
- Igama lobhalile
- Ukulandelana okufanele

Ulimi nohlelo
Inani lamagama nokulibhala

**NOMA**

6.2 **IKHASI LESIKOLE KU-TWITTER**

**Ingqikithi**

- Indawo nakho konke okuhambisana nokuhlela.
  - Ubuhle bemihlobiso nokwenza abafundi bazizwe bekhethekile./ Umfundi angabhala negama lendawo noma ikheli.
- Enikuthandile nokwenza usuku lwenu lwaba yisimanga.
  - Umfundi angaphawula ngokudla nomculo nangokuzimisela kwabo bonke ababehambele lo mcimbi.
- Izipho kanye nomculo nendlela enanizizwa ngayo.
  - Umfundi angachaza ngokugcwele izipho abazithola ngosuku lwabo **noma** aveze okukhethekile okwenza abafundi baluthokozele usuku lwabo.
  - Umfundi angaphawula ngoDJ obesezingeni eliphezulu nokudlala kwakhe umculo ofanele wonke umuntu.
- Nokunye
  - Umfundi angabonga bonke abenze usuku lwaba yimpumelelo.

IEB Copyright © 2024

